# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

Intshumayelo ngesonto elithiwa Palmarum, ngomhla ka 01. 04. 2012
19/2012

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele**.

1. Iculo 95/87

2. **Umkhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu, Baba osezulwini, siyabonga, sibonga umsebenzi wakho omkhulu wokusithumela iNdodana yakho, ibe ngumfundi wakho, ibe inceku yakho ekulalelayo, kuze kube sekufeni, sekufeni kwesiphambano. Ngokulalela kwayo usamukele nathi ukuba sibe ngabafundi bakho, nezinceku nezincekukazi zakho, nabantwana bakho. Siyabonga, Nkosi. Sesiyacela-ke ukuba usiphe ukuba nathi sikulalele, sikukhonze, siziphathe njalo nasezindaweni zonke njengabantwana nabafundi nezinceku nezincekukazi zakho, ngaye uJesu Kristu iNdodana neNceku yakho, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseFilipi 2:5-11;
   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuJohane 12:12-19.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 92/84

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Izwi lentshumayelo** ngohlelo lwesine
lilotshiwe kuIsaya 50:4-9, lithi: "INkosi uJehova inginikile ulimi lwabafundi ukuba ngazi ukuvuselela oyethileyo ngamazwi ahlumelelayo; ivusa njalo indlebe yami ekuseni imihla ngemihla ukuba ngizwe njengabafundi. INkosi uJehova iyivulile indlebe yami, mina angihlubukanga, angihlehlanga nyovane. Nganika abashayi umhlane, nezihlathi zami kubo abahluthula isilevu; angibusithelisanga ubuso bami ekuhlazisweni nasekufelweni amathe. Ngokuba iNkosi uJehova iyakungisiza; ngalokho angijabhanga, ngalokho ngibumisile ubuso bami njengensengetsha; ngiyazi ukuthi angiyikujabha. Ongithethayo useduze; ngubani ongamelana nami na? Makasondele kimi. Bheka, iNkosi uJehova iyakungisiza; ngubani oyakungilahla na? Bheka, bonke bayakuguga njengengubo, badliwe njengazinundu." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, ngalelizwi lentshumayelo yanamuhla siyezwa ngeNceku kaNkulunkulu. Umprofethi uIsaya uyaphindaphinda ekhuluma ngenceku kaNkulunkulu. Uma ekhuluma ngenceku kaNkulunkulu, kukhona amazwi athile aqondene nesizwe sakwaIsrayeli, amanye aqondene nomprofethi uqobo, noma namakholwa amanye. Kodwa futhi kukhona amanye amazwi akhuluma ngokukhanya okukhulu ngeNceku yezinceku zonke, ekhuluma ngoJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, "iNdodana yomuntu engezelanga ukukhonzwa kepha ukukhonza, nokunikela ukuphila kwayo, kube yisihlengo sabaningi," Math. 20:28. Kanjalo siyezwa kuzo izEnzo zabaphostoli ukuthi uFiliphu waqala washumayela ivangeli ngoJesu, mhla indoda yaseEtiyopiya ebuzile kuye ngenxa yezwi likaIsaya elinye elikhuluma ngeNceku kaNkulunkulu ngokucela ukuthi: "Ngiyacela, umprofethi ukhuluma lokho ngobani na? Uzisho yena noma omunye na?" OwaseEtiyopiya wabuza ngamazwi alotshiwe kuIsaya 53. Nangamazwi anamuhla kwenzeka ukuba sibuze ukuthi umprofethi ukhuluma ngobani, na? Iphistoli elidala elikhethelwe isonto lePalmarum liyaqondisa amazwi lawa kaIsaya akhuluma ngeNceku kaNkulunkulu elalelayo kangaka kuye uJesu "owazidela ethabatha isimo seNceku, enziwe ngomfanekiso wabantu; wathi efunyenwe enjengomuntu ngesimilo, wazithoba, elalela kwaze kwabasekufeni, yebo, ekufeni kwesiphambano," Fil. 2:7-8. Ngithi yikho okwenzile ukuba

kukhethwe amazwi lawa akhishiwe encwadini kaIsaya ukuba abe izwi lentshumayelo yanamuhla, ngesonto leviki lokuthula.

Kuleliviki siyaphelekezela uJesu ngokusha endleleni yakhe yokulalela uYise kwaze kwabasekufeni, yebo ekufeni kwesiphambano. UYise wavula indlebe yakhe, yena uJesu akahlubukanga, akahlehlanga nyovane. Wanika abashayi bakhe umhlane, nezihlathi zakhe kubo abahluthula isilevu; akabusithelisanga ubuso bakhe ekuhlazisweni nasekufelweni amathe, v. 5-6. Kanjalo uMathewu uyalanda ngokuphawula impela ukuthi lokhu uIsaya akubhalile, kwenzekile, uPontiyu Pilatu eselahlile uJesu. UMathewu ubhalile, wathi: "Wamshaya uJesu, wamnikela ukuba abethelwe esiphambanweni. Khona amabutho ombusi ayesemthatha uJesu, amngenisa enqabeni, aqoqela kuye ibutho lonke. Amhlubula, amembathisa ingubo ebomvu, aluka umqhele wameva, awufaka ekhanda lakhe, nomhlanga esandleni sakhe sokunene, aguqa ngamadolo phambi kwakhe, ambhinqa athi: Bayede, nkosi yabaJuda! Amkhafulela ngamathe, athata umhlanga, amshaya ekhanda lakhe. Esembhinqile amhlubula ingubo, amembathisa izingubo zakhe, amuka naye ukuyombethela esiphambanweni," Math. 27:26-31.

Sonke siyazi ukuthi udaba alugcinanga khona esiphambanweni. NakuIsaya izwi liyaqhubeka ngokusho ukuthi: INceku kaNkulunkulu iyavuma, ithi: "Ngokuba iNkosi uJehova iyakungisiza; ngalokho angijabhanga, ngalokho ngibumisile ubuso bami njengensengetsha; ngiyazi ukuthi angiyikujabha. Ongithethayo useduze; ... Bheka, iNkosi uJehova iyakungisiza," v. 7-9. Ngenxa yokulalela kwakhe uNkulunkulu uYise uvusile uJesu ekufeni, "wamphakamisa kakhulu, wamnika igama eliphezu kwamagama onke, ukuze kuthi ngegama likaJesu amadolo onke aguqe, awabasezulwini, nawabasemhlabeni, nawabangaphansi komhlaba, nezilimi zonke zivume ngokuthi **uJesu Kristu uyiNkosi**, kube yinkazimulo kuNkulunkulu uYise," Fil. 2:9-11.

Ngenxa yokufa nokuvuka kukaJesu Kristu nathi esikholwa nguye sivunyelwe ukuvuma ngalawomazwi, akhulunyiwe yiNceku yezinceku zonke, sivume, sithi: Ngokuba lawa angamazwi ethu futhi nathi siyasizwa, asinakujabha, sithethiwe kahle ngokukholwa nguJesu, asisalahlwa nguNkulunkulu ngenxa yezono zethu, kodwa siyabalelwa ukulunga kukaKristu. Sesiyavunyelwa ukuthatha ngesibindi esikhulu, sivume, sibuze nathi uqobo ngamazwi nangemibuzo etholakala kulendawo kaIsaya, sithi: "Ongithethayo useduze; ngubani ongamelana nami na? Masivuke kanyekanye; ngubani omangalelana nami na? Makasondele kimi. Bheka, iNkosi uJehova iyakungisiza; ngubani oyakungilahla na?" v. 8-9. Kungamazwi nemibuzo ehambelana impela namazwi nemibuzo etholakala encwadini kwabaseRoma 8:31-35, athi: "Sesiyakuthini ngalokho na? Uma uNkulunkulu emi ngakithi, ngubani ongamelana nathi na? Yena ongayigodlanga eyakhe iNdodana, kepha wayinikela ngenxa yethu sonke, kungaba-kanjani ukuba angasiphi konke kanye nayo na? Ngubani ozakumangalela abakhethiweyo bakaNkulunkulu na? UNkulunkulu ungosithethayo kahle, esibalela ukulunga kukaKristu ngokukholwa nguye; ngubani olahlayo na? UKristu Jesu owafayo, yebo impela, owavuswa kwabafileyo, ongakwesokunene sikaNkulunkulu, nguyena osinxuselayo. Ngubani ozakusahlukanisa nothando lukaKristu na? Noma ukuhlupheka, noma ukubandezeka, noma ukuzingelwa, noma indlala, noma ukuhamba-ze, noma ingozi, noma inkemba, na?" Qha, akekho. Thina kanye nabantu bonke bezizwe zonke silungiselwe insindiso epheleleyo nguye uJesu Kristu, iNceku kaNkulunkulu. Esikholwayo nguye siyavuma, sithi: Samukelwe nguYise ngenxa kaKristu, sithethelelwe ngenxa yakhe.

Sesiyamukelwa nguJesu esikoleni sakhe ukuba nathi sifunde kuye ukulalela uNkulunkulu uBaba osezulwini. Sesiyathintwa ezinhliziyweni ukuba nathi sizinikele ukulalela, sibe ngabafundi bakhe ngokwempela, nezindlebe zethu zivuleke, silalele, singahlubuki, singahlehli, nathi sizinikele ukuhlushwa ngenxa kaJesu, sithwale isiphambano sakhe, naso esithwesiwe ngaso, simlandele, sifunde ukumuzwa uJesu ngokwempela, sifunde nokukhuluma njengaye. UJesu asiphe ulimi lwabafundi ukuba nathi siphumelele ukuvuselela abanye, nabo bezwe ngaye nensindiso yakhe.

Ngithi: Izwi leNkosi liyezwakala kahle. Ake silizwe, silidlulisele nakwabanye ukuba abaningi bakholwe nguJesu. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi Jesu Kristu, siyabonga ngokuzinikela kwakho ukuba ulalele uYihlo, ngokusilungisela insindiso ngokufa nangokuvuka kwakho. Mawusisize ukuba siqinisele ekukholweni nguwe nevangeli lakho, nathi silalele, sikulandele, sikhulume nabanye ukuba bezwe ngawe, bakholwe nguwe, basindiswe. Nkosi, yiba nomusa kithi! Nkosi, sihawukele! Nkosi, mawusiphe ukuthula kwakho! Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 90/82

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1994/2006/2011 ngu-E. A. W. Weber
Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.